**SASTRI COLLEGE**

**ISIKHUNGO SEZILIMI - ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**

**UKUHLOLWA KUKANDASA– 2020**

**IBANGA LESHUMI - (GRADE 10)**

**UMHLELI: N.Z. ZONDI** **ISIKHATHI: 1 IHORA**

**UMCUBUNGULI: N.E. BHENGU** **AMAMAKI: 40**

**IMIYALELO KUBAFUNDI**

1. **Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:**
   - **ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (16)**
   - **ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)**
   - **ISIQEOHU C: Izimiso Nokusetshenziswa Kolimi (14)**
2. **Linamakhasi ayi-5**
3. **Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuthi uphendule imibuzo.**
4. **Phendula YONKE imibuzo.**
5. **Isiqephu ngasinye masiqalwe ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.**
6. **SHIYA umugqa emva kombuzo ngamunye.**
7. **Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni.**
8. **Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.**
9. **Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.**

**Pheqa ikhasi**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

**Fundisisa indaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:**

**Ingqophamlando Yemidlalo Yezi-2010**

Ayiqali ukubanjwa imidlalo yebhola lomhlaba. Ngikholwa ukuthi cishe iminyaka yevile emashumini amathathu yaqalwa le midlalo. Kepha lena yangonyaka wezi-2010 yaba ingqophamlando kakhulu.

Phela sekungumlando ukuthi yayisingethwe yileli lakithi eNingizimu-Afrika. Ngendlela izinto ezazihlelwe ngayo kwakwenza kwawena ungumsinsi wokuzimilela khona uzibone sewufana nazo izifiki ngendlela okwakukuhle ngayo. Ngendlela umthetho owawuhlonishwa ngayo kwakwenza ucishe uliphimisele elokuthi, sengathi le ndumezulu yemidlalo ingahlala ikhona njalo. Wawungabuthathaphi ubugebengu? Engani konke kwakuqashwe ngelokhozi. Bonke abantu baphenduka amaphoyisa ngaleso sikhathi. Wawuke uthi uzihambela nje edolobheni uzwe inkulumo ethi, "Mfowethu, qaphela, musa ukwenza ukuthi nokuthi, hleze sihlazeke emhlabeni jikelele." Amaphoyisa nomphakathi kwakuyimbumba.

Izinga lemidlalo kwalona laliphezulu kakhulu. Iqembu elangithatha yilo leli lakithi okwathi sekulahlwe ithemba ngokuthi liyowunqoba ngisho owodwa nje umdlalo, laphendula amatafula lishaya elaseFransi. Engani phela umqeqeshi wethu wayebophele izinsizwa ngempela kulowo mdlalo okuyinto esasikhala ngayo njalo. Phela ngeke iqembu lethu laphathwa abafana abancane.

Ayikho imidlalo yebhola eyake yasingathwa kahle ngalolu hlobo. Nalabo ababesigxeka, amathe abuyela kwasifuba. Kwasala kuphela ukuba balibeke ngembaba bathi, "Yobe! Nina bengwazi, lixhoshwa libhekile. Besineya. Kepha sinethulela isigqoko manje." Kunzima phela ukuzehlisa uma usukhukhumele okukafulawa kade ubhukuda emanzini abilayo.

Kwakufanele izinga libe phezulu kangaka, kuningi okwenziwa. UMengameli angazi ukuthi kwaba kangaki eshaya indesheni ethi, "Ma-Afrika amahle, asibaphathe kahle abavakashi bethu ukuze siqophe umlando kakhulukazi njengoba kungokokuqala ngqa ukulethwa kwale midlalo e-Afrika.

Nangempela kwacaca ukuthi isingethwe amadoda ngempela le midlalo. Basala bebambe ongezansi ababezitshela ukuthi bazosina ngethambo lethu uma seyibuyekezwa.

Ubani nje owayazi ukuthi uyoba mizilazila kanje. Ngesikhathi kuzwakala ukuthi siphumele ukuthola ilungengelo lokusingatha le midlalokazi, kwakuhlwe emini kimi uma ngiqhathanisa nesimo sethu kwezomnotho namazwe ahlonishwayo engase ngike ngawabona esingethe le midlalo.

Into yokuqala nje eyayifika kimi izinga lezinkundla zethu. Ngangithi uma ngikucabanga lokho kuvele kubande kwamancane.

Kepha kwaba sengathi iphupho sekwenzeka, namuhla sinezinkundla ezisezingeni lomhlaba. Konke lokho kuyizithelo zokubambisana. Lokhu-ke kucacisa bha ukuthi into esidonsela emuva ukuba yinhlakanhlaka. Asibumbane kuyo yonke imikhakha okubandakanya ipolitiki,ubuhlanga, ubuzwe, izinkonzo nangokwamaqembu ebhola,njalonjalo.

1.1 Yiliphi ilizwe elalisingethe imidlalo yebhola lomhlaba yezi- 2010? **(1)**

1.2 Yini eyayenza umbhali wale ndaba afise sengathi imidlalo yomhlaba ingahlale ikhona njalo lapha eNingizimu-Afrika? **(2)**

1.3 Lamthatha ngani izwe laseNingizimu-Afrika umbhali? **(2)**

1.4 Nikeza incazelo yalokhu okulandelayo njengoba kusetshenziswe endabeni:

1.4.1 Amaphoyisa nomphakathi kwakuyimbumba. **(2)**

1.4.2 Emhlabeni jikelele. **(2)**

1.4.3 Basala bebambe ongezansi. **(2)**

1.5 Shono ukuthi lo musho olandelayo uqukethe sifengqo sini:

Kunzima ukuzehlisa uma usukhukhumele okukafulawa kade ubhukuda emanzini. **(1)**

1.6 Qondanisa Uhlu A nohlu B

| **UHLU A** | **UHLU B** |
|---|---|
| 1.6.1 Yobe! Lixhoshwa libhekile. | **A**. Umuzwa wokujabula. |
| 1.6.2 Ngeke iqembu laphathwa abafana abancane. | **B**. Ukubandlulula ngokobuzwe. |
| 1.6.3 Wawuzibona usufana nazo izifiki. | **C**. Umuzwa wokuxolisa. |
| 1.6.4 Halala! Mzansi-Afrika. | **D**. Ukubandlulula ngokweminyaka. |

**(4)**

**Amamaki Esiqephu A: [16]**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa isiqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayisi-7.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama abe ngama-50 kuya kwangama-60.
2. Imisho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwamaphuzu.

**Imibono Ngokuthengelwa Kwabafundi Omakhalekhukhwini**

Kunobuhle nobubi ukuthengela ingane umakhalekhukhwini isafunda. Lokhu kwenza abazali bagcine bengaqondi ngokumele bakwenze. Bazithengele noma bangazithengeli, bazoxhumana kanjani nazo uma bengazithengeli?

Kulukhuni ukweluleka umuntu ngesinqumo okumele asithathe mayelana nalolu daba. Engani phela uyisidingo. Ingane iyakwazi ukungithinta njengomzali uma inenkinga. Kanjalo futhi nami njengomzali kuba lula ukuxhumana nayo, ngedlulise okuphuthumayo. Imvamisa izingane zethu zisebenzisa izithuthi zomphakathi uma ziya noma zibuya esikoleni. Nansi imoto isifile endleleni. Kuhlwile manje. Izongazisa kalula ingane ngomakhalekhukhwini, ngikwazi ukuphuthuma.

Uma ingane isifunda ibanga leshumi nambili, kumele ifake isicelo ezikhungweni zemfundo ephakeme. Bazoxhumana kanjani nayo ngokuphuthumayo uma ingenawo umakhalekhukhwini?

Umakhalekhukhwini usebenza njengomsakazo. Izingane zinohlobo lomculo olwehlukile kolwethu eziluthandayo. Uma inomakhalekhukhwini ayizukungiphazamisa ngomsindo womculo emsakazweni. Izovele ilalele umakhalekhukhwini wayo nami ngilalele engikuthandayo.

Kepha-ke umuhle unjalo, nobubi bawo bukhulu. Buningi ubugebengu obuqhutshwa ngokusebenzisa umakhalekhukhwini ingane engase ilengele kubo. Ngaleyo ndlela uzigwaze ngowakho njengomzali bewuthi wenza okuhle.

Engani kuvela nezithombe zemikhuba ezibandakanya ucansi kuwo umakhalekhukhwini. Uthi wena uyivikela ngayo yonke indlela ingane njengomzali ukubuka lolu hlobo lwezithombe, imizamo yakho iphelele ezeni ngenxa kamakhalekhukhwini.

Zingane qaphelani. Asigcine umakhalekhukhwini uwusizo.

**Amamaki Esiqephu B: [10]**

**ISIQEPHU C: Izimiso Nokusetshenziswa Kolimi**

**UMBUZO 3**

3.1 Kule misho elandelayo tomula ingxenye ebhalwe kubakaki, ubhale yona **yodwa**:

**3.1.1** Umama ubhaka amakhekhe. (umenziwa)
**3.1.2** Abafundi bafunda izibalo. (isilandiso) **(1)**
**(1)**

3.2 Bhala iziqalo zala mabizo alandelayo:
**3.2.1** Izigebengu
**3.2.2** Unogwaja **(1)**
**(1)**

3.3 Funda isiqeshana ulungise amagama akubakaki ukuze alethe umqondo. Bhala igama olilungisile kuphela:

Njalo **3.3.1**(isikole) sifunda imibhalo yobuciko **3.3.2** (lwesibili). Uthisha wethu wesiZulu usifundisa **3.3.3** (hle) futhi siyamuzwa. Uye asinike imisebenzi yokuhluza imibhalo eyahlukene ukuba siyenze **3.3.4** (ikhaya) bese siwethula **3.3.5**(ikuseni) **3.3.6** (ikilasi).

**(6)**

3.4 Fakela izivumelwano ezifanele kule misho elandelayo ukuze izwakale kahle:
3.4.1 Ugogo (xoxela) abazukulu inganekwane.
3.4.2 Umbhalo wakhiwa imigqa (fushane) **(1)**

3.5 Sebenzisa igama '**izimvu**'emishweni emibili ozakhele yona liveze imiqondo eyehlukene. **(1)**

**(2)**

**AMAMAKI ESEWONKE: [40]**

**Amamaki Esiqephu C: [14]**